Isifundo 5

**October 27–November 2*

Amava Obunye Ebandleni Lokuqala

ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:
Zenzo 1:12–14, Zenzo 2:5–13, Samb. 14:12, Zenzo 2:42–47, Zenzo 4:32–37, Zenzo 5:1–11, 2 Kor. 9:8–15.

Indimana Yekhanda:
"Baqinisela njalo esifundisweni sabaphostoli, nasekuhlanganeni, nasekuhlephuleni isinkwa, nasemikhulekweni" (Zenzo 2:42, NKJV).

Ubunye bebandla bungumphumela wokwabelana ngamava ezikamoya kuJesu, oliqiniso. "Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami" (Johane 14:6). Izibopho eziqinile zobuzalwane zakheka ohambweni olufanayo kanye nakumava kwezikamoya. Ama-Adventist akuqala ayenalawo mava ohlelweni lwama-Millerite. Amava abo afanayo ango-1844 abopha izinhliyo zawo komunye nomunye lapho befuna ukuthola incazelo ngokujabha kwawo. Lamava azala Ibandla lama-Seventh-day Adventist kanye neqiniso mayelana nokwahlulela okwenzeka ngaphambi kokubuya kukaJesu nakho konke Okuqukethwe yiko. Amava abafundi bakaJesu ngemuva kokwenyukela Kwakhe ezulwini angubufakazi bamandla Ezwi likaNkulunkulu, umkhuleko, kanye nokuhlanganyela ndawonye ekudaleni ubunye nokuzwana phakathi kwamakholwa aqhamuka ezindaweni ezahlukene. Lawo mava afanayo asenokwenzeka nanamuhla. "Ngangiphikelela ngokuthi ubudlelwane buyingxenye ebalulekile ekudumiseni kwabaningi. . . . Akukho kumKristu okungathatha indawo yokubona isipho kwezikamoya esimhlanganisa namanye amakholwa kanye naneNkosi uJesu Kristu. . . . UJesu Kristu uqale alethe umphefumulo Kuye, kodwa njalo uhlanganisa lowo mphefumulo namanye amakholwa emzimbeni Wakhe, ibandla." —Robert G. Rayburn, *O Come, Let Us Worship* (Grand Rapids: Baker Book House, 1980), p. 91.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-November 3.*

Izinsuku Zokulungiselela

Kumahora okugcina awachitha nabafundi ngaphambi kokufa Kwakhe, uJesu wathembisa ukuthi wayengeke abashiye bodwa. Omunye uMduduzi, uMoya oNgcwele, wayezothunyelwa ukuba abe nabo emsebenzini wabo. UMoya wayezobasiza ukuba bakhumbule izinto eziningi uJesu ayebatshele zona nayezenzile (Johane 14;26), futhi abaholele ekutholeni amaqiniso andile (Johane 16:13). Ngosuku lokwenyukela ezulwini Kwakhe uJesu wabuyekeze lesisithembiso. " 'Nizakubhapathizwa ngoMoya oNgcwele kungakadluli izinsuku eziningi. . . . Nizakwamukeliswa amandla, uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu' " (Zenzo 1:5, 8, NKJV). Amandla kaMoya oNgcwele azakunikelwa ukuba enze abafundi bekwazi ukufakaza eJerusalema, eJudiya, eSamariya, kanye nesemaphethelweni omhlaba (Zenzo 1:8).

Funda iZenzo 1:12-14. Babenzani abafundi ngalesisikhathi sezinsuku eziyishumi na?

Singacabanga ngalezizinsuku eziyishumi njengesikhathi sokuzilungiselela kakhulu kwezikamoya, isikhathi sokuba bodwa lapho abafundi babelana ngezinkumbulo zabo ngoJesu, izenzo Zakhe, izimfundiso Zakhe, kanye nezimangaliso Zakhe. "Babemoya munye ekukhulekeni nasekunxuseni" (Zenzo 1:14). "Njengoba abafundi babelinde ukugcwaliseka kwesithembiso, bazithoba izinhliziyo zabo ekuphendukeni kweqiniso futhi bavuma ukungakholwa kwabo. Lapho bekhumbula amazwi uKristu ayewakhulume kubo ngaphambi kokufa Kwakhe baqonda ngokuphelele incazelo yawo. Amaqiniso ababesebawakhohliwe bawakhumbula, futhi lokhu bakuphinda-phinda komunye nomunye. Bazisola ngokungamqondi uMsindisi. Njengojenge, imibono ilandela yempilo Yakhe emangalisayo yadlula phambi kwabo. Lapho bezindla ngempilo Yakhe emsulwa nengcwele, babanomuzwa wokuthi awukho umsebenzi owawungaba lukhuni, kungekho namhlatshelo ongaba mkhulu, uma nje bengaba ngofakazi ezimpilweni zabo ngokuthandeka kwesimilo sikaKristu. Ewu, uma nje bengakwazi ukubuyela eminyakeni emithathu edlule bayiphile kabusha, becabanga, yeka umehluko endleleni yabo yokwenza! Uma nje bengabona iNkosi futhi, babeyozama kakhulu ukuyibonisa ukujula kothando lwabo, futhi babezisola ngempela ngokudabukisa Yena ngamazwi noma ngokwenza kokungakholwa! Kodwa babeduduzwa ngumcabango wokuthi babethethelelwe. Futhi bazimisela ukuthi, kangangokuba benako, babezolungisisa ukungakholwa kwabo ngokumvuma Yena ngesibindi phambi kwezwe. . . . Besusa ukungezwani kwabo, zonke izifiso zokuba ngomkhulu kunabanye, basondelana ngobudlelwane bobuKristu."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles,* pp. 36, 37

Yiziphi izinto ofisa sengathi ubungazenza kabusha mayelana nokholo lwakho na? Yini ongayifunda ekuzisoleni kwakho ngemuva okungakusiza wenze ikusasa elingcono na?

Ukusuka EBhabheli Kuye KwiPentekoste

Izinsuku zokulungiselela kwezikamoya, emuva kokwenyuka kukaJesu, zaphothuleka ngezigameko zePentekoste. Indimana yokuqala isitshela ukuthi ngalolosuku, ngaphambi nje kokuba uMoya oNgcwele athelwe phezu kwabafundi, bonke babendawonye, "bemoya munye," endaweni eyodwa (Zenzo 2:1). KwiTestamente Elidala, iPentekoste laliyidili lesibili kwamathathu okwakuthi bonke abasilisa kwaIsrayeli kuphoqeke babekulo. Lalibakhona ezinsukwini ezingamashumi amahlanu (ngesiGriki, pentekoste, usuku lwamashumi amahlanu) ngemuva kwephasika. Ngesikhathi salemigubho amaHeberu ayeletha kuNkulunkulu izithelo zokuqala zesivuno sasehlobo njengomnikelo wokubonga. Kusenokuba ngesikhathi sikaJesu Idili lePentekoste lalifaka ukubhiyozela kokunikezwa komthetho Entabeni yaseSinayi, futhi (Eksod. 19:1). Ngalokho, sibona lapha ukubaluleka okuqhubekayo komthetho kaNkulunkulu njengengxenye yesigijimi sobuKristu mayelana noJesu, okufa Kwakhe kunikeza bonke abaphendukayo intethelelo ngokweqa kwabo umthetho kaNkulunkulu. Akumangalisi ke ukuthi enye yezindimana ezisemqoka mayelana nezinsuku zokugcina iphathelene nomthetho kanye nevangeli: "Nakhu ukubekezela kwabangcwele abagcina imiyalo kaNkulunkulu nokukholwa nguJesu" (Samb. 14:12, NKJV). Futhi, njengaseNtabeni yaseSinayi, ngenkathi uMose amukela Imthetho Eyishumi (Eksod. 19:16-25, Heb. 12:18), izigameko eziningi ezingavamile zenzeka kulePentekoste. "Ngokungazelelwe kwavela ezulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla; yona yagcwalisa indlu yonke ababehlezi kuyo. Kwase kubonakala kubo izilimi ezahlukeneyo kungathi ezomlilo; zahlala phezu kwalowo nalowo kubo. Base begcwala bonke uMoya oNgcwele, baqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela" (Zenzo 2:2–4, NKJV).

Funda iZenzo 2:5-13. Kuyini ukuphawuleka kwalesisigameko na?

_____

_____

_____

IPentekoste kwakumele kube yidili lenjabulo, idili lokubonga uNkulunkulu ngezipho Zakhe. Mhlawumbe, lapha, yilesisizathu sokubeka icala lamanga lokudakwa (Zenzo 2:13-15). Amandla kaNkulunkulu abonakala ngokukhethekileyo kwisimnagaliso sokukhuluma nokuzwa ngezilimi ezahlukene. AmaJuda aphuma kuwo wonke Umbuso waseRoma ayeze eJerusalema ngalelidili ezwa isigijimi sikaJesu, uMesiya, ngezilimi zawo. Ngendlela eyodwa, iPentekoste lisisiza ukuqeda ukuchithakala komndeni wokuqala wesintu kanye nokwakheka kwamaqembu ezobuzwe, okwaqala ngokuqinisekile Embhoshongweni waseBhabheli. Isimangaliso somusa siqala ukuhlanganisa umndeni wesintu. Ubunye bebandla likaNkulunkulu emhlabeni wonke kungubufakazi bohlobo lombuso Wakhe njengobuyisela lokho okwalahleka eBhabheli.

Ubunye Bokuhlanganyela

Ekuphenduleni kwintshumayelo kaPetro kanye nobizo lokuphenduka kanye nosindiso, abantu abalinganiselwa kwizinkulungwane ezintathu benza isinqumo sokwamukela uJesu njengoMesiya kanye nesigcwaliseko sezithembiso zeTestamente Elidala kuIsrayeli. UNkulunkulu wayesebenza ezinhliziyweni zabo bonke labantu. Iningi lalike lezwa ngoJesu likude futhi kusenokuba babeze eJerusalema ngethemba lokubona Yena. Kusenokuba abanye babembonile uJesu futhi bayizwa nemibiko Yakhe yosindiso lukaNkulunkulu kodwa bengazange bazinikele ukuba ngabalandeli. KwiPentekoste, uNkulunkulu ngokumangalisayo wangenelela ezimpilweni zabafundi futhi wabasebenzisa njengofakazi bokuvuka kukaJesu. Manje bayazi ukuthi, ngegama likaJesu, abantu bangathola intethelelo yezono zabo (Zenzo 2:38).

Funda iZenzo 2:42-47. Yiziphi izenzo ezenziwa yilaba balandeli bokuqala bakaJesu njengomphakathi wamakholwa na? Yini eyadala lobu bunye bokuhlanganyela na?

Kuyathathekisa ukuthi isenzo sokuqala lomphakathi wamakholwa amasha owasenza kwakungesokufunda izimfundiso zabapostoli. Ukufunda iBhayibheli yindlela ebalulekile yokukhuthaza ukukhula kwezikamoya kumakholwa amasha. UJesu wayenikeze umyalezo kubafundi Bakhe wokuthi babafundise " 'ukugcina konke enginiyale ngakho' " (Mat. 28:20, NKJV). Lomphakathi omusha wachitha isikhathi ufunda kubafundi konke nguJesu. Kusenokuba bezwa ngempilo nokusebenza kukaJesu; izimfundiso Zakhe, imifanekiso, kanye nezintshumayelo; kanye nezimangaliso Zakhe, konke kuchazwa njengokugcwaliseka kweZibhalo zesiHeberu ekubhaleni kwabaprofethi. Bachitha futhi isikhathi ekukhulekeni nasekuhlephuleni isinkwa. Akucaci kahle ukuthi ukuhlephula isinkwa kubhekiswe Esidlweni seNkosi noma kubhekiswe ekwabelaneni ngokudla ndawonye, njengoba iZenzo 2:46 kubukeka esho. Ukubalulwa kobudlelwane nembala kukhombisa ukuthi lomphakathi omusha wawuchitha isikhathi ndawonye, ngasosonke isikhathi, ethempelini eliseJerusalema, elaliseyisizinda sokukhonzela, kanye nasemakhaya abo babephila ndawonye. Babedla bekhuleka ndawonye. Ukukhuleka kuyinto ebalulekile emphakathini wokukholwa, futhi kusemqoka ekukhuleni kwezikamoya. Lomphakathi omusha wawuchitha isikhathi ekukhonzeni. Siyatshelwa ukuthi lezizenzo zazenziwa "ngokuqinisekile." Lokhu kuhlanganyela okuqinisekile badala ubudlelwane obuhle nabanye eJerusalema. Lamakholwa amasha achazwa njengaba "bethandeka kubantu bonke" (Zenzo 2:47, NKJV). Ngokungangabazi ukusebenza kukaMoya oNgcwele ezimpilweni zabo kwenza umfanekiso onamandla kulabo ababebazungezile futhi kwasebenza njengobufakazi obunamandla beqiniso likaJesu njengoMesiya.

Yini ibandla okulona elingayifunda kwisibonelo esibekiwe lapho mayelana nobunye, ukuhlanganyela, kanye nokufakaza na?

Ukuphana Nomhobholo

ULuka usitshela ukuthi enye yezinto ezikhula ngokwemvelo kulokhu kuhlanganyela kwabalandeli bakaJesu ngemuva kwePentekoste kwaba ngukuphasana. "Bonke abakholwayo babe ndawonye, bahlanganyela izinto zonke, bathengisa ngemfuyo nangempahla, babela bonke ngayo njengokuswela kwabo" (Zenzo 2:44, 45, NKJV). Lokhu kwabelana ngezinto akuyona into edingekile emphakathini kodwa kungumphumela wothando lwabo komunye nomunye ebudlelwaneni abanabo. Futhi kungukutshengisa ngokuqinile kobunye babo. Lokhu kuphasana kwaqhubeka isikhathi eside, futhi sinikezwa imininingwane eyandile ngako kwiZenzo 4 no 5. Futhi kuyindikimba esiyithola nakwezinye izindawo zeTestamente Elisha, njengoba sizobona ngokulandelayo. Kukulengqikithi lapho kwethulwa u-Barnabas okokuqala. Ubonakala engumuntu ocebile owayenomhlaba. Esewuthengisile umhlaba ukuze kuzuze umphakathi, waletha imali kubapostoli (Zenzo 4:36, 37). U-Barnabas uvezwa njengesibonelo okumele sisilandele.

Funda iZenzo 4:32-37 kanye no 5:1-11. Qhathanisa ukuziphatha kanye nomoya ka-Barnabas kanye nolowo kaAnaniya noSafira. Yini engahambi kahle ngalesisibili na?

Ngaphamdle kwesono sabo sokuqamba amanga kuMoya oNgcwele, lababantu babonisa umoya womhobholo kanye nokukhanukela. Mhlawumbe asikho isono esingabhubhisa ubudlelwane kanye nothando lobuzalwane ngokushesha njengomhawu kanye nomhobholo. Uma u-Barnabas eyisibonelo Esihle somoya webandla lokuqala wokuhlanganyela, uAnaniya kanye noSafira bangokuphikisayo. ULuka wethambekele ekwabelananeni ngalendaba ngalabo abangaziphethe kahle emphakathini. Emithethweni Eyishumi (Eksod. 20:1-17, umthetho wokugcina, omayelana nokukhanukela, awufani neminye. Ngenkathi eminye imithetho ikhuluma ngezenzo ezibonakalayo eyeqa intando kaNkulunkulu ngesintu, umthetho wokugcina umayelana ngalokho okufihlakele enhliziyweni. Isono sokukhanukela asisona isenzo; kunalokho, singumcabango. Ukukhanukela, kanye nomlingani wako umhawu, akusona isono esibonakalayo kodwa isimo sesintu esinesono. Sibonakala kuphela uma sivezwa ngezenzo zomhawu, njengalezo esizibona lapho kuAnaniya noSafira. Ngomqondo othile umthetho wokugcina uyimpande yobubi obubonakala ezenzweni ezikhuzwa iyona yonke eminye imithetho. Lokhu kukhanukela kwabo kwavula intuba yethonya likaSathane, elabaholela ekukhohliseni uNkulunkulu; lokhu akufani nokukhanukela kukaJudasi okwamholela kukho.

Yiziphi izindlela esingafuna ngazo ukusiphula nezimpande ukukhanukela ezimpilweni zethu na? Kungani ukudumisa kanye nokubonga ngalokho esinakho kuyikhambi lalobububi na?

Khumbulani Abampofu

Ukwabelana ngalokho abanenako kwakuvama ukuba yindlela ebonakalayo yobunye ebandleni lokuqala. Ukuphana okuchazwa kwizahluko zokuqala zencwadi yeZenzo kuqhubeka kamuva ngoPawule emema amabandla ayewasungulile eMasedoniya nase-Achaia ukuba anikelele abampofu eJerusalema (buka iZenzo 11:27-30, Gal. 2:10, Rom. 15:26, 1 Kor. 16:1-4). Isipho siba yisibonaliso esiphathekayo seqiniso lokuthi amabandla, ayenabezizwe abangamakholwa, ayanakekela futhi ayabathanda abazalwane nodade abangamaJuda eJerusalema. Ngaphandle kokwehlukana ngokwempucuko nangobuhlanga, bayingxenye yomzimba owodwa kuKristu futhi bathanda ivangeli elifanayo. Lokhu kwabelana nalabo abasweleyo akuvezi nje kuphela ubunye obasebukhona ebandleni kodwa buyabuqinisa lobobunye.

Funda u-2 Korinte 9:8-15. Uthini uPawule ngokuthi kuyoba imiphi imiphumela yokuphana okuvezwa yibandla laseKorinte na?

Amava obunye ebandleni lokuqala asibonisa lokho okusengenzeka namuhla. Ubunye, nokho, abenzekanga ngaphandle kokuzinikela ngamabomu ohlangothini lwamakholwa onke. Abaholi bomphakathi wokuqala bakubona kungumsebenzi wabo ukukhuthaza ubunye kuKristu. Njengoba uthando phakathi kwendoda nomfazi kanye nabantwana kungukuzinikela okumele kukhuthazwe nsuku zonke. Ubunye esinabo kuKristu buyakhuthazwa futhi buyabonakaliswa ngezindlela eziningi. Izinto ezisobala ezaziqinisa lobubunye ebandleni lokuqala kwangumkhuleko, ukudumisa, ukuhlanganyela, umbono ofanayo, kanye nokufunda Izwi likaNkulunkulu. Abaqondanga nje kuphela ngomsebenzi wabo wokushumayela ivangeli ezizweni zonke, kodwa futhi babona ukuthi babenomthwalo wothando nokunakekela omunye nomunye. Ubunye babo bazibonakalisa ekuphaneni kwabo nasekuphasaneni kwabo ekuhlanganyeleni kwabo, futhi ngokubanzi, phakathi kwemiphakathi yebandla, nakuba behlukaniswe ngamabanga amade. "Isihle sabo safakazela ukuthi babengamukelanga umusa kaNkulunkulu ngeze. Yini eyayingadala lokhu kuvuleleka ngaphandle kukaMoya na? Emehlweni amakholwa nabangakholwa kwakuyisimangaliso somusa."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 344.

Yiziphi izindlela wena kanye nebandla okulo enibe ngalo namava enzuzo yokuba nesihle kwabanye na? Okungukuthi, yiziphi izibusiso eziza kulabo abapha abanye na?

Funda Kabanzi:

Ellen G. White, "Pentecost," pp. 35–46, in *The Acts of the Apostles*. "Lokhu kuphana ohlangothini lwamakholwa [kwiZenzo 2:44, 45 no 4:32–35] kwakungumphumela wokuthelwa kukaMoya. Ababeguqukele evangelini 'babemunye ngenhliziyo nangomoya.' Kunye okwakubathathekisa ngokufana—ukuphumelela komsebenzi ababethwaliswe wona; ukukhanukela kwakungenandawo ezimpilweni zabo. Uthando lwabo lwabazalwane kanye nomsebenzi ababebizelwe wona kwakukukhulu ngaphezu kothando lwabo lwemali kanye nezinto. Imisebenzi yabo yafakazela ukuthi babethatha imiphefumulo yabantu njengebalulekile kunengcebo yezwe. "Kuyoba njalo ngenkathi uMoya kaNkulunkulu ungena empilweni. Labo onhliziyo zabo zigcwaliswe wuthando lukaKristu, bazolandela Isibonelo Sakhe ngenxa yethu owaba mpofu, ukuze ngobuphofu Bakhe sicebe. Imali, isikhathi, ithonya—zonke izipho abazamukele esandleni sikaNkulunkulu, bazozixabisa kuphela njengezinto zokuqhubeza umsebenzi wevangeli. Kwakunjalo ebandleni lokuqala; futhi uma ebandleni lanamuhla kubonakala ukuthi ngamandla kaMoya amalungu asesuse uthando lwawo ezintweni zomhlaba, nokuthi azimisele ukunikela ukuze abaphila nabo bezwe ivangeli, amaqiniso amemezeliwe ayoba nethonya elinamandla phezu kwabalaleleyo."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles,* pp. 70, 71.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Funda ngezinto esifundweni saleliviki ezasiza ekudaleni ubunye ibandla lokuqala elaba namava alo. Thina, njengebandla namuhla, singenza kanjani izinto ezifanayo na? Okungukuthi, yini okungase ibe iyasilela ngokuqhathaniswa ngalokho okwakwenzeka phakathi kwalawo makholwa ngalesosikhathi na?

2. Isibonelo salamabandla okuqala eTestamente Elisha sokunikelela ukusiza abampofu eJerusalema siyisibonelo kanjani kokumele sikwenze namuhla na? Kangakanani ngezinto zomphakathi na? Ibandla elisendaweni lingaba kanjani neqhaza emphakathini elikuwo ukuze linciphise ububha futhi linikeze ngezidingo eziyisisekelo na?

3. Yiziphi ezinye izifundo esizingathatha endabeni edabukisayo kaAnaniya noSafira na? Kuyini ukubaluleka kwesisho kwiZenzo 5:5 no 5:11 mayelana "nokwesaba okukhulu" okwehlela phezu kwebandla mayelana nokufa kwalaba ababili na?

Kafushane: Ibandla lokuqala labanamava okukhula ngokushesha ngoba abafundi bakaJesu bazilungiselela ngenhloso ukwehlelwa nguMoya oNgcwele othenjisiwe. Ukuhlanganyela kwabo kanye nokholo olufanayo kwaba yindlela eyasetshenziswa nguMoya oNgcwele ukulungiselela izinhliziyo zabo iPentekoste. Ngemuva kwePentekoste uMoya oNgcwele waqhubeka nokuguqula lomphakathi omusha, njengoba kubonakala ngokuphana kwabo kanye nokukhula ngesivinini kwebandla.